**UMNYANGO WEMFUNDO WASEGAUTENG**

**UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI**

**ISIZULU ULIMI LWEBELE**
**IZINGA ELIPHANSI**
**(Iphepha Lesibili)**

# Possible Answers Supp 2007

ISIGABA A
**IZINKONDLO**

**UMBUZO 1**

***Imvubelo* – M.A. Maphumulo**

**YISINQIBI**

1.1

1.1.1 Izindebe ezidabukile ziphuma negazi.
Amehlo ashone phakathi.
Uzacile.
Izinwele azikanyiwe / ngamadlodlombiya.
Amehlo abomvu.
(Okubili kuphela) (2)

1.1.2 Umoya wosizi.
Wangibheka ngayigazi anezinyembezi zegazi / Nkosi, anginalutho ngingamsiza ngani? (2)

1.1.3 "Nkosi anginalutho ngingamsiza ngani?" / "Ngicela ukuvalelwa amasango okuphila". (2)

1.1.4 (a) Izingane ezisencane. (1)
(b) Izinwele ezingcolile eziyisihluthu ezingakanywa. (1)

1.1.5 Isingathekiso / ihaba.
Ifanamsindo / ifanangwaqa / ifanankamisa. (2)

1.1.6 <u>Z</u>idebezeka kungathi bezidebezwa ngenhloso,
<u>Z</u>adebezeka zanemifantu echinc'igazi,

noma

<u>Iz</u>andla zibambene ngoxolo lwemfuno,
<u>Iz</u>inwele ngamadlodlombiya ziyimibala yezingubo. (1)

1.1.7 Umoya wosizi ngoba imbongi izwela umuntu embona ephila impilo ebuhlungu engenakhaya engcolile futhi eswele. (1½)
**[12½]**

**NOMA**

1.2

1.2.1 Inkondlo ikhuluma ngotshwala, igxeka ububi botshwala ngoba uma abantu bebuphuzile bayashintsha, bayalwa, bathukane, baphelelwa izimfihlo. Utshwala bubadida imiqondo, balahlekelwa izinto ezibalulekile. Emakhaya kusala kukhalwa futhi kuhlushekwa. (4)

1.2.2 Kuqhuma nhlamba kuqhume nduku,
Kuqhume isililo kuqhume uhleko. (1)

1.2.3 (a) Isihlonipho. (1)
(b) Ukudakwa / ukweqiwa ngamabele. / ukuhamba ungaqondi. (1)

1.2.4 **imvumelwano siqalo**

Imiqondo uyivubele wayidunga yadideka,
Iphambili labadida badumala badangala.

noma

Imiqondo ngolwazi uyidakise yaqonda,
Iqonda amaqiniso nezimfihlo.

noma

**imvumelwano sigcino**

Imiqondo uyivubele wayidunga yadideka,
Iphambili labadida badumala badangala,
Aluhlaza amadlelo waweneka abadoba,

noma

**imvumelwano sigcino eyeqayo**

Aluhlaza amadlelo waweneka abadoba,
Ukudikibala bakudumaza badumba impumelelo,
Imiqondo ngolwazi uyidakise yaqonda, (2)

1.2.5 – Kusendle lapho kunotshani obudliwa yizilwane. (1)
– Impilo emnandi / ukunethezeka / ukubusa / ukuma kahle. (1)

1.2.6 Usuke ehluleka ukuma kahle / aqonde / ushona ngapha nangapha uma ethi uyahamba. (½)

1.2.7 Ifanangwaqa. (1)

**[12½]**

1.3

1.3.1 Isosizini /
Isebunzimeni / isebuhlungwini / ifuna umuntu ongayiduduza. (2)

1.3.2 Siyisicwicwicwi / sifunde kakhulu / siphakeme. (2)

1.3.3 Ezinsizini zakwamhlaba,
Empelathemba kuqhath' umunyu.
Kweyam' inhliziy' engenasikhundla,

noma

Ngizilahla kuwe S'thandwa,
Ngisondeze kwelakh' igazi.
Ngizw' intokomalo yobuwena (1)

1.3.4 "Namabhamuz' afana nakaMabhengwana," (1)
Amehlo amakhulu. (1)

1.3.5 Ihaba / Ifuzamsindo. (1)

1.3.6 Amnandi. (½)

1.3.7 "Ubusika nehlob' awubuni. (1)

1.3.8 "Zisibongela ngothando lwethu," (izinyoni) (1)

1.3.9 (a) Sikhohlw' umhlab' ohlabayo,
Sibon' umhlab' usungowethu. (1)
(b) Ukuxhumana maphakathi (1)

**[12½]**

**NOMA**

1.4

1.4.1
- Lalikhona ezinkathini zoShaka.
- Lalikhona eGibhithe.
- Lalikhona ngempikazi yomhlaba wesibili.
- Lalikhona emlandweni wakudala wamaXhosa.
- Lalikhona emandulo ngezikhathi zobabamkhulu. (okuthathu kuphela) (3)

1.4.2
- Isenzasamuntu. (1)
- Isifaniso. (1)

1.4.3
- "Kawubhekeki uyesabeka!"
- "Walinqob' iqhawe leLembe"
- "Ekugcineni walinqoba lanqobeka" (okubili kuphela) (2)

1.4.4
- Imvumelwano sigcino. (1)

Mhla kuchithek' igazi elimsulwa
Wabon' izinsizwa zilwa (1)

1.4.5 – Isizwe samaXhosa.
– Abantu bashisa amasimu babulala nemfuyo yabo ngenxa kaNongqawuse owathi, waphupha eyalelwa ukuthi enze lokho. (2½)

1.4.6 Uma enqobile / ephumelele. (1)
**[12½]**
**[25]**

ISIGABA B
**UMDLALO**

**UMBUZO 2**

***Ngiwafunge Amabomvu* – Molefe L.**

2.1
- UZaba utholakala ebonana ngasese noThulisile ngenkathi uThulisile eyogeza emfuleni. Lokhu wayengafanele akwenze neze neze ngoba uThulisile usesesigodlweni ngakho-ke usengundlunkulu.
- UZaba utshela uThulisile ukuthi beqe angasaphindeli esigodlweni
- Uphinda futhi afune ukuhlasela inkosi uma ezwa ukuthi isifake uThulisile intando.
- Utholakala ethuka inkosi ayibize ngevaka lesigwadi.
- Simthola futhi esongela inkosi ethi uzoyibulala.
- UZaba uphinde wabopha isithunywa senkosi ngenkathi siyombiza efunwa yinkosi.
- Simthola futhi esebonana noThulisile phakathi kwesigodlo yize eseyinhloli yenkosi okwakufanele ngabe nguye ogada esigodlweni ukuze kungonakali lutho.
- Ugcine ekhulelise uThulisile.
- Simthola ala nokulalela uyise oyinduna yenkosi uma emkhuza ukuthi ahlukane noThulisile.
- Utholakala esedelela noThulile lapho emkhuza emfuleni ukuthi udidizisa uThulisile kodwa lokho akakuqgizi qakala, uyaqhubeka nokubatshela ukuthi angeke ajike kulokhu asekunqumile.
- Ekugcineni uZaba utholakala ezojeziswa ngesenzo sakhe kepha usaphikelela ngokukhuluma yize eseboshiwe efakwe nentambo entayeni.
- Ukuchaza kwakhe ukuthi uthando lwabo ngolwemvelo oludalwe nguMvelinqangi kanye nabaphansi ngakho-ke izinhliziyo zothando zingehlukaniswe.

(Abafundi bangaxoxa ngezinye izigameko futhi) **[25]**

**NOMA**

2.2

2.2.1 UThulisile usengenile esigodlweni. (1)

2.2.2
- Waqala ngokwenqaba ukudla ukudla kwasebukhosini.
- Wayethuka inkosi.
- Wayebonana noZaba ngasese.
- Wayengayihloniphi inkosi eyibiza nangegama.
- Waze wathola ingane eyivezandlebe.
- Wayeyifulathela futhi engayinaki nakuyinaka lapho ikhuluma naye.
- Wathi uzoyibhunyela ngamanzi inkosi. (Okune kuphela) (4)

2.2.3 – Watshela inyanga yakhe uMzwezwe ukuthi idlise uThulisile / imfake amakhathakhatha
– Washunqisa umuthi ukuze uhogelwe uThulisile. (2)

2.2.4 – Wayeqhubeka nokubonana naye ngasese.
– Waze wadela impilo yakhe neyabazali bakhe ngoba babengase babulawe.
– Wayesefuna nokubulala uMgidi.
– Wayefuna ukweqa noThulisile.
– Wayengafuni abizwe ngondlunkulu. (okubili kuphela) (2)

2.2.5 UZaba waba seduze noThulisile okwenza ukuba babonane njalo. (2)

2.2.6 – Wayedla ukudla kukaThulisile ngoba uThulisile ekudubile.
– Wayehlala emkhuza njalo emtshela ukuthi inkosi ayiphikiswa.
– Wayengayibikeli inkosi ngokubonana kukaThulisile noZaba enethemba lokuthi kuzophela. Ingozi kwaba ukuthi udla intando wagcina esethanda uMgidi. (okuthathu kuphela) Ingozi yokungayibikeli inkosi kwaba ukuthi inkosi yayizomjezisa naye. (2)
**[13]**

2.2.7 Ukunqunywa ucikicane. (1)
UMzwezwe wayelokhu egeje njalo ngesikhathi ethi uphawula lolu sana. NoMgidi kanjalo naye wageja. (2)

2.2.8 Lwalungekho ezandleni zikayise lwaluyivezandlebe, uyise kwabe kunguZaba hhayi uMgidi. (2)

2.2.9 UMgidi wayebona uThulisile enenkani emangazayo, ala ukumgana eyinkosi nemizamo kaMzwezwe yokumdambisa ihluleka. (2)

2.2.10 Bazoklinywa baze bafe. (1)

2.2.11 Inkosi yathi iyalibona iphutha layo lobugwala ilwisa uZaba umshoshaphansi ngakho-ke ixolela uZaba ngoba uyiqhawe eliqotho elikwaziyo ukumela iqiniso. (2)

2.2.12 UZaba wathi uthando lwabo lwadalwa uMvelinqgangi, uze asho nokuthi uzolifela lelo qiniso. (1)

2.2.13 UKhonzeni. (1)
**[12]**
**[25]**

ISIGABA C
**INOVELI**

**UMBUZO 3**

***Isigcawu senkantolo* – Masondo M.M.**

3.1 Ekuqaleni wazivikela kuZikode owayezama ukumbulala ehlathini ngoba ethi uthola imali elingana neyakhe enkampanini. Emva kokumbulala wasala esengxakini yokubulala umuntu okwakungenzeka aphinde aboshwe. Wase ecabanga isu lokuthatha izinyathelo zobugebengu ngokuthi abambise isidumbu esase sisemoshali isidumbu sikaZikode, ngaleyo ndlela wakwazi ukuphunyula emaphoyiseni angakwazanga ukuthi lokhu kwakwenzeke kanjani.

Emva kwesikhathi kwafika ezinye izigebengu ezagadla ngokufuna imvalamlomo ngenxa yalesi senzo sakhe asenza eminyakeni eminingi eyandlula. Wathatha izinyathelo ngokuhlangana nommeli owayaziwa onguNgubane kepha okwathi ngenkathi esathi usombulula inkinga yemvalamlomo zagadla izigebengu ngokuthi zithi uZethu ongumkakhe ubulale uMhlobo Mvubu. Kwafanele uVika avikele umkakhe uZethu kuleli cala lokubulala. Waphinda wavikela indodakazi yakhe futhi lapho zigadla izigebengu.

Abantu abagcina bethelwe ngamachaphazelo yilaba, uZethu, uDuduzile noThokozile.

**UZETHU**

UZethu wafunwa imali yemvalamlomo okwathi ngelinye ilanga ehambisa yona imali yemvalamlomo ezigebengwini ezinguMagwegwe noMvubu wazithola esosobishini lokusolakala ukuthi ungumbulali kaMvubu ngenxa yokungezwani okwaba khona phakathi kukaMhlobo noMagwegwe.

**UDUDUZILE**

UDuduzile yena wazithola esesenkingeni yezigebengu ezazibangwe nguyise ngenxa yokuthi wabe ezoshada noThulani owayengumshana kaZikode owayebulawe nguyise. Wabe engafuni ukungena ehlazweni lokuhlukana noThulani nokuthi kwembuleke izimfihlo zikayise wase enquma ukuba angatsheli muntu ngalolu daba kepha avele azinike izigebengu imali yemvalamlomo aphume nasengozini yokwesatshiswa.

**UTHOKOZILE**

Kuthe lapho uNgubane ezama ukusombulula inkinga kaKubheka kwafuneka umuntu angamsebenzisa ekuphumeleliseni isu lakhe lokubamba izigebengu. Lowo muntu wayefanele athole le mali. Lowo kwaba nguThokozile. UThokozile wazithola esesatshiswa nguMagwegwe ehlala emlandela njalo. **[25]**

**NOMA**

3.2

3.2.1 NguMnuzane X (1)

3.2.2 Yayifuna ukuthi uThokozile asayinde incwadi avume ukuthi akayitholanga imali kepha wabe ethunywe ukuthi ayoyilanda edamini. (3)

3.2.3 Wayefuna ukuthi amaqola angathembani axabane odwa elinye licabange ukuthi elinye lifuna ukuthola imali eningi kuneyalo. (2)

3.2.4
- Yebo, ngoba:
- Yabulala umngani wayo uMhlobo Mvubu.
- Yayike yaboshwa phambilini.
- Yabe inezindlela eziningi zobuqili njengokuthola imali yemvalamlomo (Okubili kuphela) (2)

3.2.5 Ungunobhala wakhe. (1)

3.2.6
- Ukuxabana kukaNgubane noKubheka ngenxa yokuthi uKubheka wayethi uNgubane ngummeli othatha amashansi.
- Ukuxabana kukaDuduzile noNgubane, ethi makahlukane nezindaba zakhe yena uyakwazi akwenzayo.
- Ukuxabana kukaMagwegwe noNgubane besekamelweni likaThokozile, uNgubane emtshela ukuthi aphume aphele.
- UMagwegwe edubula uMhlobo Mvubu.

(Abafundi bangalukhipha olunye udweshu)
(okubili kuphela) (2)

3.2.7
(a) Ubugebengu abukhokheli /
(b) Akukho okufihliwe okungeke kwambuleka ngelinye lamalanga. UKubheka wayengacabangi ukuthi ukufa kukaZikode kuyovela ngelinye ilanga. (2)

**[13]**

3.2.8 Ubufakazi bemali eyabe isemakhukhwini kaButhelezi. (1)

3.2.9 Ukubaleka kukaMagwegwe Buthelezi aphume enkantolo. (1)

3.2.10
- Mhlawumbe wayesenamahloni noma wayethukuthele kakhulu ngoba ehlulwe yicala.
- Wayehlulwe nguNgubane.
- Wayemangele ngoba wayengazi ukuthi uMagwegwe uphethe imali emakhukhwini.

(Eyodwa yezimpendulo) (2)

3.2.11 Ukuthi wadubula ngenkathi indoda iza kuye esikebheni wase ecabanga ukuthi udubule umuntu.
Kwakusebusuku, yingakho engenaso isiqiniseko.
Wabona le ndoda iwela phansi. (okubili kwalokhu.) (2)

3.2.12 uMhlobo Mvubu. (1)

3.2.13 (a) Wayengasiye ubhongoza ekukhuthuzeni abantu.
(b) Wamdubula uMhlobo ngoba ezivikela.
(c) Wakwazi ukuveza ukuthi uZikode wabulawa ngubani futhi wawudukisa kanjani umkhondo wombulali. (Okubili kuphela) (2)

3.2.14 (a) Wenza konke ekudingayo.
(b) Ukuyibophisa.
(c) Uzame ukuyibamba lapho incane ngakhona ukuze ungezwa konke ngayo.
(d) Ukuyibulala (ezimbili kuphela) (2)

3.2.15 Ukuyibamba lapho incane ngakhona. (1)
**[12]**
**[25]**

**75**